Incwadi iSiyakhula Discipleship yenzelwe ukugqugquzela ukukhula ngokomoya kwabantu kanye nezixuku, ekuxhumaneni kwabo neNkosi. Iqukethe iziqephu ezine zamasonto ayisithupha, loluchungechunge lwe Discipleship luqondisa abazimbandakanyayo endleleni yenguquko, kusuka ngaphakathi kuya ngaphandle. Amasonto ayisithupha okuqala agxile ezintweni eziyisisekelo, kulandele ukuzithola ngofuzo kuKhristu uJesu emasontweni ayisithupha. Isiqephu sesithathu esidonsa amasonto ayisithupha sibheke ekwenzeni kabusha uhambo siveza isimo senhliziyo nalokho okubaluleke kakhulu, ekubeni isiqephu sokugcina naso esidonsa amasonto ayisithupha sigxile kwabanye kanye nomsebenzi.

**Isebenza kanjani incwadi iSiyakhula Discipleship?**

Cabanga ngabalimi abakhulisa izitshalo. Banendlela elula yokuqinisekisa isivuno esihle. Okokuqala, benza umhlabathi ukulungele ukulinywa. Bese betshala imbewu emhlabathini olungisiwe. Emva kwalokho bayanisela, ngokunakekela, imbewu iyaqhuma ibe yisitshalo. Ekugcineni, emva kokunakekela izitshalo, kubakhona isivuno!

Ngendlela efanayo, kunesu elilula labantu abakholelwayo kuNkulunkulu. Uma silangazelela ubudlelwane obujulile futhi obuqinile noNkulunkulu, kumele silandele yona lendlela yezitshalo. Okokuqala, kufanele silungise izinhliziyo zethu, njengoba kwenza abalimi belungisa umhlabathi. Sikwenza lokhu ngokufunda ngezimfundiso zikaNkulunkulu, okufana nokutshala imbewu ezinhliziyweni zethu. Bese, sizindla futhi sikuqonde lokho akushilo uNkulunkulu. Kufana nokunisela imbewu. Ekugcineni, kumele siphile impilo yethu ngendlela ebonisa izinto ezinhle esizifunde kuNkulunkulu. Yindlela esithola ngayo "isivuno" sokufana noKhristu ezimpilweni zethu. Kufana nokunakekela izitshalo ukuze kutholakale isivuno esihle. Ngokulungisa izinhliziyo zethu, sifunde kuNkulunkulu bese siphila lokho esikufundileyo, singaba ne "sivuno" esihle ezimpilweni zethu.

Isikhawu ngasinye sinalezizingxenye ezine ezilandeleka kalula. Ukulima, ukutshala, ukunisela kanye nokuvuna.

# UKULIMA



Ingxenye eyisingeniso yalesisiqephu yenzelwe ukuthi abantu bazizwe bekhululekile futhi isize ekutheni bazimbandakanye ngokukhululeka. Imibuzo elula isiza ekwenzeni izinto zihambe kahle, futhi yenzelwe ukuze wonke umuntu azizwe ekhululekile. Lena yindlela elula nenobungani yokuqalisa, uma kusendlalelwa isihloko okuzokhulunywa ngaso. Gqugquzela abantu ukuthi bazimbandakanye ngaphandle kwengcindezi.



## UKUTSHALA

Engxenyeni yesibili yalesisiqephu, sitshala imbewu yezwi lika Nkulunkulu ngokufunda ndawonye umbhalo.  Kungakuhle ukuthi umuntu ngamunye esixukwini afunde ivesi uma efisa, agqugqquzele nabanye ukuthi babeyingxenye.

## UKUNISELA



Ngesikhathi sokunisela kunemibuzo okumele kuxoxiswane ngayo esixukwini, sigqugqumezelwe ukujula ngalokho okufundwe eBhayibhelini.  Lemibuzo ayinzima kodwa ikhandelwe ukugqugquzela abantu ukuthi bazindle futhi bacabange ngalokho uNkulunkulu engabe ekukhuluma kubo ngezwi lakhe.

## UKUVUNA



Engxenyeni yokuvala lesisiqephu sokuvuna, sigqugquzela ukuthi okukhulunywe ngakho kube ngokomuntu ngamunye ngokuthi anikwe ithuba lokukusebenzisa.  Nakuba ingekho ingcindezi yokwabelana ngalokho umuntu akucabangayo noma ngendlela azizwa ngayo, kodwa kuvulelekile ukuthi abathandayo bakwenze lokho.  Lesisikhathi sibucayi njengoba abantu beveza lokho uNkulunkulu akukhulumile nabo futhi bebheka umthelela wakho ohambeni lwabo naye.

Lokhu Okuqukethwe kulencwadi kuthathelwe emibuzweni eseBhayibhelini iSerendipity.[1]

[1] Coleman, Lyman, ed. *Serendipity Bible: For Personal and Small Group Study*. Revised & Enlarged edition. Grand Rapids, MI: Littleton, CO: Zondervan, 1996.

## Isonto 1: Isithombe ngami (uGenesise 1:1-2:3)

# UKULIMA

1. Yisiphi isikhathi osukwini lapha khona usebenza ngokuzimisela? Lapho khona unamacebo? Ngabe ungumuntu okhuthele ekuseni, noma uxolela ukwenza izinto seliyoshona?
2. Yini evelele okewayisungula?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku kuGenesise 1:1-2:3. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Yiziphi izinto eziphindaphindekayo kuGenesise 1: 1-2:3? Yimaphi amagama noma izisho ozibona zilokhu zivela njalo?
2. Ngabe lokhu kukutshelani ngoNkulunkulu, indalo yakhe, inhloso yakho, ubuhle bakho, nokupheleliswa kwakho?
3. Yini ubumqoka bokusho kukaNkulunkulu uma ethi “Makubekhona…” Kwase kulandelani emva kokuthi esekhulumile (“futhi kwabanjalo”)?
4. Uxhumana kanjani uJohane 1: 1-3 nendlela omqonda ngayo uGenesise 1: 1-3 no 1: 26? Ngabe uKhristu unayo ingxenye endalweni? Ukusiza kanjani uGenesise ekutheni umqonde kangcono uKhristu?
5. Yini eyenza ucabange ukuthi uNkulunkulu wawuqeda umsebenzi wakhe ngezinsuku eziyisithupha, waseyaphumula ngolwesikhombisa (bheka ku-Eksodusi 20:8-11)? Kusho ukuthini lokho kithina njengabakholwayo?
6. Yini eyenza umuntu ahluke kwezinye izingxenye zendalo kaNkulunkulu (v26 - 27)?
7. Emva kokuthi uNkulunkulu emdalile umuntu, uchaza umsebenzi wakhe njengo ‘muhle’ (v31). Lokhu kusitshelani ngendlela uNkulunkulu asibona ngayo thina?

# UKUVUNA

1. Ngabe indaba yendalo inamuphi umthelela ekutheni uwuphatha kanjani umhlaba, amanzi, izitshalo, kanye nezilwane emhlabeni kaNkulunkulu?
2. NgokwabaseRoma 1: 20-25 kanye nakumaHeberu 11:1-3, ngabe kumele sikwamukele kanjani ukuzibonakalisa kukaNkulunkulu ngemvelo? Kwenzakalani uma singamamukeli uMdali?
3. Kushoni kuwe ukudalwa ngomfanekiso kaNkulunkulu? Ngabe kunawo umthelela endleleni ozibuka ngayo? Kunamuphi umthelela ebudlelwaneni bakho noNkulunkulu?
4. Kukutshelani wena ngendlela uNkulunkulu asibona ngayo? Kumele kubenamuphi umthelela ebudlelwaneni bakho nabanye?

# Isonto 2: Amagugu ami (NgokukaLuka 12:13-21)

## UKULIMA

1. Zikhona yini izinto othanda ukuziqoqa? Kukhona osukuqoqile oziqhenyayo ngakho?
2. Kukhona yini onakho ongeke ukhone ukuphila ngaphandle kwakho (isb. umakhalekhukhwini, umabonakude njll)?

## UKUTSHALA

Fundani niyisixuku encwadini ngokukaLuka 12:13-21. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

## UKUNISELA

1. Indoda esesixukwini inenkinga. Yiyiphi inkinga? Izama kanjani ukuyixazulula?
2. Uphendula uthini uJesu (v14, 15)? Uyixwayisa ngani uJesu lendoda?
3. Ngamagama acacile, uyini umqondo noma isifundo ngalendaba?
4. Lendoda ekulendaba yayicabanga ukuthi izojabuliswa yini (v19)?
5. Kungani ucabanga ukuthi uNkulunkulu wayibiza ngesiwula (v20)? Yini ewubuwula eyenziwa yilendoda?
6. Yini eyingozi ngokuphila ungacabangi noma ungalungiseleli ingunaphakade?
7. Kungani ucabanga ukuthi kubalulekile ukunaka izinto ezithandwa nguNkulunkulu kunokuba nezinto eziningi?

## UKUVUNA

1. Izikhangisi zisitshela kaningi ukuthi ukuba nezinto eziningi kungcono. Kuhluke ngani ukuphila ngalokho okushiwo nguJesu kunalokho esikutshelwa yizikhangisi? Yini eguqukayo ezimpilweni zethu uma sikholwa nguJesu kunezikhangisi?
2. Sikhona yini isikhathi lapho khona wenze njengendoda ekulendaba? Ngabe uphilela imanje, noma uhlose ukulungiselela ingunaphakade?
3. Uma bewunecebo lokwenza izinto ezithokozisa uNkulunkulu, yini ehlukile obungayenza kulelisonto? Ungaba kanjani "onothileyo kuNkulunkulu" ekuphileni kwakho kwansuku zonke? (bheka ku 1 Thimothewu 6:17-19)

## Isonto 3: Amandla ami (Abahluleli 16:1-22)

# UKULIMA

1. Yiluphi uhlobo lokucwala izinwele oke walwenza eminyakeni edlulile? Kunini lapha khona wawunezinwele ezimfishane? Isikhathi eside?
2. Bekunini lapho khona wabasothandweni okokuqala? Ngabe kukhona yini owakwenza owawungavamile ukukwenza, ngenxa nje yokubasothandweni?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku encwadini yabaHluleli 16:1-22. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. iGaza kwakuyidolobha lezitha, kungani uSamsoni wayakhona? Ngabe wayefuna ukungena enkingeni? Wayezethemba ngokweqile? Waba nobudedengu?
2. Yini ayenzayo uSamson emasangweni edolobha kunokuthi alwe? Kwakumele ini lokho?
3. Yiziphi izinto ezazizinhle noma ezazizimbi ngokuthandana kukaDelila noSamsoni?
4. uSamsoni zange amtshele uDelila iqiniso kwaze kwaba umbuza izikhathi ezine. Kungani? Yini eyamenza wagcina wakhuluma iqiniso?
5. Ucabanga ukuthi uSamsoni wayekwazi okwakuzokwenzeka esetshele uDelila iqiniso (v. 20)?
6. Kwakungani uSamsoni eluthwa owesifazane ngalendlela futhi waze waphula nesifungo sakhe?
7. Uvesi 20 uthi: 'Kodwa wayengazi ukuthi iNkosi yayisimshiyile.' Kungani ucabanga kanjalo?
8. Ucabanga ukuthi uSamsoni wazizwa kanjani uma ekubona lokho okwasekwenzekile? Ngesikhathi ephenduka impumputhe? Ngesikhathi izinwele zakhe sezihluma futhi?

# UKUVUNA

1. Yini ebikukhathaza kamuva nje nebikwenza uzizwe ukhathele (v16)?
2. uSamsoni wayenezicubu eziqinile kodwa engenawo amandla kwezinye izingxenye zempilo yakhe. Yimaphi lamandla ayengenawo?
3. Kukuphi la uqine khona? Yiziphi izingxenye zempilo yakho lapho unganamandla khona?
4. Yini ekhulisa amandla angokomoya empilweni yakho? Yini ewaqeda amandla? Ngabe kukhona yini esingakusiza ngakho isixukunyana sakho kulokho?
5. Unabo yini ubudlelwane obunomthelela ongemuhle emandleni noma ekukhuleni kwakho kwangokomoya?
6. Izinwele zikaSamsoni zabe seziqala zikhula futhi (v22). Yini ekutshelayo ngomusa kaNkulunkulu uma sihlulekile?

## Isonto 4: Izifiso zami (KwabaseFilipi 3:12-4:1)

# UKULIMA

1. Wake wagijima emjahweni noma wabayingxenye yezemidlalo? Waphumelela, walahla ithemba noma wawuqeda umjaho? Wazizwa kanjani ngemiphumela?
2. Awuchaze ukuthi izulu lingaba yindawo enjani.

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku kwabaseFilipi 3:12-4:1. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. uPawulu ufanisa uhambo lwempilo yakhe nomjaho. Uzibona ekuphi nempilo yakhe yangokomoya? Yini afuna ukuyizuza? Ukuhlela kanjani ukufinyelela emgomweni wakhe?
2. Ugxile kuphi uPawulu (v13) abanye bona bayigxilise kuphi imiqondo yabo (v19)?
3. Qhathanisa isifiso sikaPawulu sokufinyelela ezulwini (v14) nesifiso sabanye (v19). Zihluke ngani? Yini umphumela walezizifiso ezimbili?
4. Funda kwabaseGalathiya 5:16 – 21. Lengxenye yombhalo ikhuluma ngezifiso zenhliziyo enesimo sokona. Siyini isiqondiso sikaPawulu sokugcina izifiso zethu ziqondile (v16)?
5. Uyini umphumela wokungalandeli izaluleko zikaPawulu kwabaseGalathiya 5:16? (v19 - 21).
6. NgokwabaseFilipi 3:19, yini umvuzo walabo abalandela izinto zalomhlaba?

# UKUVUNA

1. Uma uqhathanisa impilo yakho yangokomoya nomjaho, ngabe uhlezi ngaphandle ngoba ungazange uzilolonge, ulimele, noma awuzange uvive? Ngabe uzoba ngomunye wabazodlala? Ukuhamba ngesivinini esikhulu? Ucabanga ukuyeka? Kungani? Yiziphi izinselele ezizwakala kunzima ukuzinqoba?
2. Kubukeka kanjani kuwe ukuphila ngoMoya?
3. Zikhona yini izinto zalomhlaba odinga ukuphenduka kuzo?
4. Yini ozoyenza kulelisonto ezokusiza ngokukubeka eduze nomklomelo?

## Isonto 5: Umlando wami (NgokukaLuka 7:36-50)

# UKULIMA

1. Yisiphi isipho esihle owake wasithola?
2. Yiluphi uhlobo lwemicimbi othokozayo ukuya kulo? Ikhona yini ongayithandi?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku encwadini ngokukaLuka 7:36-50. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Umbhalo uyichaza kanjani impilo eyayiphilwe ngowefazane (v.37)?
2. Lowesifazane wazifaka engozini ngokuya endlini yomFarisi. Kwakuyingozi ngani, lokhu kusho ukuthini ngendlela ayezizwa ngayo?
3. Ucabanga ukuthi kwakuyini imbangela yokuthi uJesu axoxe indaba emavesini 41-43? Ihlobana kanjani lendaba kuSimoni nowesifazane?
4. Ngubani kulaba, uSimoni noma owesifazane ocabanga ukuthi wayethanda kakhulu uJesu, kungani?
5. Yini ebonwa nguJesu kowesifazane le angayiboni uSimoni? uSimoni umphatha kanjani owesifazane ngenxa yomlando wakhe? uJesu uwusingatha kanjani umlando walowesifazane, lowesifazane yena uwusingatha kanjani umlando wakhe?
6. Owesifazane wayaziwa ngomlando wokuba yisoni, ucabanga ukuthi kwakumqoka ngani kowesifazane ukuthi uJesu amthethelele? Lokhu kukutshelani ngoJesu?
7. uJesu utshela owesifazane ukuthi izono zakhe zithethelelwe, ukholo lwakhe lumsindisile nokuthi ahambe ngokuthula. Ucabanga ukuthi wazizwa kanjani owesifazane?

# UKUVUNA

1. Uzibona ufana nobani kulendaba? Ngabe uyafana nalowesifazane, umFarisi noma uJesu?
2. Ngabe kukhona yini okuwumlando wakho ocabanga ukuthi kunzima ukuthi uNkulunkulu angakusiza ngakho?
3. Ukuze abhekane nomlando wakhe, owesifazane kwadingeka ezekuJesu. Yini odinga ukuyenza?
4. Uma ubheka emuva, nokuthethelelwa nguNkulunkulu, ngabe lokhu kuyayiguqula yini indlela ophatha ngayo abanye?
5. Yisiphi isifundo ositholayo kulendaba esingaba nosizo kulelisonto?

## Isonto 6: Isiko lami (kwabase-Efesu 1:1-14)

# UKULIMA

1. Yini oyithandayo/oyikhonzile/oyitusayo ngesiko lakho?
2. Yini oyizuze komunye emndenini?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku encwadini kwabase-Efesu 1:1-14. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Yini oyibona ibalulekile ngoPawulu ebiza abase-Efesu "ngabangcwele" naba "thembekile kuKhristu uJesu"? (v1)
2. Bhala izibusiso zokomoya ezishiwo emavesini 3-6.
3. Lezizibusiso zisifaka kanjani isandla ekuqondeni kwethu ifa lethu langokomoya?
4. Ngokwamavesi 5-6, kusho ukuthini kumakholwa ukuba yingxenye yomndeni kaNkulunkulu? Kunamthelela muni ukuba yilunga lomndeni kaNkulunkulu ekutheni singobani nokuthi sizuzani?
5. Kusho ukuthini kithi ukukhululwa? Kwenzeke kanjani ukuthi lokhu kukhululwa sikuthole nathi (v7)?
6. Kungani ubalulekile umoya oNgcwele efeni lethu (v13-14)? Ukugcotshwa ngomoya oNgcwele kusinika kanjani ukuzethemba ngefa lethu likamoya.?

# UKUVUNA

1. Lokho esikufunde ngefa lethu esilinikwe nguNkulunkulu kwabase-Efesu 1:1-14 kungawenza kanjani umehluko ezimpilweni zethu zansuku-zonke?
2. Singagqugqumezelana kanjani ngesibusiso sikamoya kanye nefa okukhulunywe ngalo kulombhalo.?
3. Yiziphi izinyathelo ongabanazo ukuze uphile ubuwena kanye nefa kuKhristu?